**GENERAL EXPLANATORY NOTE:**

| | |
|---|---|
| [ ] | Words in bold type in square brackets indicate omissions from existing enactments. |
| ______ | Words underlined with a solid line indicate insertions in existing enactments. |

(English text signed by the President)
(Assented to 27 June 2017)

# ACT

**To amend the National Credit Act, 2005, so as to provide for debt intervention; to insert new definitions; to include the evaluation and referral of debt intervention applications as a function of the National Credit Regulator and to provide for the creation of capacity within the National Credit Regulator and logistical arrangements to execute this function; to include the consideration of a referral as a function of the Tribunal; to provide for the recordal of information related to debt intervention; to require a debt counsellor to investigate whether an agreement is reckless; to provide for a court to enquire into and either refer a matter for debt intervention or make an order related to debt intervention; to provide for a Magistrate's Court and the Tribunal to determine the maximum interest, fees or other charges when re-arranging debt and for guidance to be prescribed in this regard; to provide for an application for debt intervention and the evaluation thereof; to provide for the Tribunal to re-arrange a consumer's obligations and make an order in respect of an unlawful credit agreement; to provide for orders related to debt intervention and rehabilitation in respect of such an order; to provide for mandatory credit life insurance to be prescribed; to provide for offences related to debt intervention, prohibited credit practices, selling or collecting prescribed debt and related to failure to register as required by the Act; to provide for measures when an offence is committed by a person other than a natural person; to provide for penalties in relation to the newly created offences; to provide for the Tribunal to change or rescind an order under certain circumstances; to require the Minister to make regulations related to a financial literacy programme; to provide in a transitional provision for the application of this Amendment Act to credit agreements entered into before its commencement; and to provide for matters connected therewith.**

**INCAZELO EFINGQIWE EJWAYELEKILE:**

| | |
|---|---|
| [ ] | Amagama abhalwe ngokugqamile akubakaki abayizikwele amele okukhishiwe emithethweni esebenzayo. |
| ______ | Amagama adwetshelwe ngomugqa onganqanyuliwe amele okufakiwe emithethweni esebenzayo. |

(English text signed by the President)
(Assented to 27 June 2017)

# UMTHETHO

**Ukuchitshiyelwa koMthetho weziKweletu kaZwelonke, 2005, ukuze uhlinzekele ukusiza ngesikweletu; ukufaka izincazelo ezintsha; ukufaka ukubuyekezwa nokudluliselwa kwezicelo zokusizwa ngesikweletu njengomsebenzi woMlawuli weziKweletu kuZwelonke kanye nokuhlinzekela ukuhlonyiswa kwehhovisi lokuLawula iziKweletu kuZwelonke kanye nezinhlelo ezizolandelwa ekwenzeni lo msebenzi; ukufaka ukubhekwa kokudluliswayo njengomsebenzi weNkantolo yamacala ezikweletu; ukuhlinzekela ukugcinwa kolwazi olumayelana nokusizwa ngesikweletu; ukudinga ukuthi umeluleki wesikweletu kube nguye ophenya ngokuthi isivumelwano sinobudedengu noma cha; ukuhlinzekela ukuthi inkantolo ikwazi ukuphenya noma idlulise udaba lokungenelela esikweletini noma ikhiphe umyalelo omayelana nokungenelela esikweletini; ukuhlinzekela ukuthi iNkantolo kaMantshi neNkantolo yamacala kube yiyo enquma ngokuthi inzalo, izimali noma ezinye izinhlawulo zingafinyelela kumalini uma sekuhlelwa kabusha isikweletu kanjalo nokukhishwa kwesiqondiso mayelana nalokhu; ukuhlinzekela isicelo sokungenelela esikweletini kanye nokuhlola okuhambisana nalokho; ukuhlinzekela ukuthi iNkantolo yamacala ezikweletu ihlele kabusha izibophezelo zekhasimende bese ikhipha umyalelo mayelana nesivumelwano sesikweletu esingekho emthethweni; ukuhlinzekela imiyalelo emayelana nokungenelela esikweletini kanye nokulungiswa kwesimo sezikweletu mayelana nomyalelo onjalo; ukuhlinzekela umshwalense owumgomo wesikhathi sesikweletu; ukuhlinzekela amacala ahlobene nokungenelela esikweletini, izindlela zokusebenza ngesikweletu ezingavumelekile, ukudayisa noma ukuqoqwa kwesikweletu esibekiwe kanye nokuhluleka ukubhalisa okuhambisana nalokhu okuyisidingo soMthetho; ukuhlinzekela izinyathelo ezizothathwa uma icala lenziwe umuntu ongeyena umuntu ongenalo ulwazi lwezomthetho; ukuhlinzekela izinhlawulo ngokwamacala amasha asanda ukwenziwa; ukuhlinzekela ukuthi iNkantolo yamacala ezikweletu iguqule noma ihoxise umyalelo ngaphansi kwezimo ezithile; ukudinga ukuthi uNgqongqoshe enze izimiso mayelana nezinhlelo zokufundisa ngezimali; ukuhlinzekela ukuhlinzeka kwesikhashana sokusetshenziswa kwalo Mthetho oChitshiyelwe ezivumelwaneni zezikweletu okungenwe kuzo ngaphambi kokuthi uqale ukusebenza; kanye nokuhlinzekela ngezindaba ezihambisana nalokhu.**

## PREAMBLE

**WHEREAS** the purpose of the National Credit Act, 2005 (Act No. 34 of 2005), is to promote and advance the social and economic welfare of South Africans; to promote a fair, transparent, competitive, sustainable, responsible, efficient, effective and accessible credit market industry; and to protect consumers;

**AND WHEREAS** there are categories of consumers for whom existing natural person insolvency measures are inaccessible, either because of the focus that these measures place on benefit to credit providers, or the cost involved with such natural person insolvency measures;

**AND WHEREAS** without suitable alternative natural person insolvency measures being made available to over-indebted individuals who do not have sufficient income or assets to show benefit to creditors, to afford the costs associated with an administration order, or to be an economically viable client for a debt counsellor, it is not only an insurmountable challenge for them to manage or improve their financial position, but it also amounts to unjustified and unfair discrimination on socio-economic grounds;

**AND WHEREAS** to give effect to the purpose of the National Credit Act, 2005 (Act No. 34 of 2005), all consumers must be afforded protection through fair, transparent, sustainable and responsible processes,

**B**E IT THEREFORE ENACTED by the Parliament of the Republic of South Africa, as follows:—

**Amendment of section 1 of Act 34 of 2005, as amended by section 1 of Act 19 of 2014**

**1.** Section 1 of the National Credit Act, 2005 (hereinafter referred to as the principal Act), is hereby amended—

*(a)* by the insertion after the definition of ''confidential information'' of the following definition:

'' **'Constitution'** means the Constitution of the Republic of South Africa, 1996;'';

*(b)* by the insertion after the definition of ''credit co-operative'' of the following definitions:

'' **'debt intervention'** means a measure as contemplated in section 86A, which aims to assist identified consumers for whom existing natural person insolvency measures are not accessible in practice;

**'debt intervention applicant'** means a natural person, or natural persons who own a joint estate, who on the date of submission of the application for debt intervention contemplated in section 86A—

*(a)* is a consumer under unsecured credit agreements, unsecured short term credit transactions or unsecured credit facilities only;

*(b)* receives no income, or if he or she, or the joint estate, receives an income or has a right to receive income, regardless of the source, frequency or regularity of that income, that gross income did not, on an average for the six months preceding the date of the application for debt intervention exceed R7500 or such an amount as may be prescribed by section 171(2A)*(a)*, per month;

*(c)* is over-indebted, whether due to a change in personal circumstances or other circumstances; and

*(d)* is not sequestrated or subject to an administration order;'';

## ISANDULELA

**NJENGOBA** inhloso yoMthetho kaZwelonke weziKweletu, 2005 (uMthetho Nombolo 34 wezi-2005), kungukugqugquzela nokuthuthukisa inhlalakahle nomnotho wabantu baseNingizimu Afrika; ukukhuthaza imakethe yemboni enobulungiswa, esobala, encintisanayo, esimeme, enesibopho, ephumelelayo, esebenzayo nokukwaziyo ukungena kuyo; kanye nokuvikela amakhasimende;

**FUTHI NJENGOBA** kukhona izinhlobo zabathengi abangakwazi ukuthola izinhlelo ezikhona zokusiza umuntu ocwile ezikweletini, okungaba kungenxa yokuthi lezi zinhlelo zigxile ekusebenzeleni abahlinzeki besikweletu, noma ezindlekweni eziba khona ngenxa yezinhlelo ezibandakanyekayo ngalowo muntu ocwile ezikweletini;

**FUTHI NALAPHO** kungukuthi uma zingekho ezinye izinhlelo zokusiza umuntu ocwile ezikweletini ezifanele kulabo abacwile ezikweletini abangenayo imali eyanele engenayo noma abangenayo impahla engaba inzuzo kwabakweletisayo, abangakwazi ukumelana nezindleko zomyalelo wenkantolo, noma ukuba ikhasimende elingenza inzuzo koweluleka ngesikweletu, akuyona nje inselelo kuphela kubo ukuba baphathe noma benze ngcono ngasesimweni sezimali, kodwa kuphinde kubange ukucwasana okungenabulungiswa kwezenhlalakahle nezomnotho;

**FUTHI NJENGOBA** kumele kufezeke inhloso yoMthetho kaZwelonke weziKweletu, 2005 (uMthetho Nombolo 34 wezi-2005), wonke amakhasimende kumele avikeleke ngezinqubo ezinobulungiswa, ezisobala, ezisimeme kanye nezinesibopho,

NGALOKHO UZOMISWA yiPhalamende leRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, ngale ndlela elandelayo:—

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 1 soMthetho 34 wezi-2005, njengoba uchitshiyelwe ngesigaba 1 soMthetho 19 wezi-2014**

**1.** Isigaba 1 soMthetho kaZwelonke weziKweletu, 2005 (okulandela lapha ozobizwa ngoMthethongqangi), sichitshiyelwe—

*(a)* ngokufaka le ncazelo elandelayo emva kwencazelo yegama elithi ''ulwazi oluyimfihlo'':

'' **'UMthethosisekelo'** kuchaza uMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, 1996;'';

*(b)* ngokufaka le ncazelo elandelayo emva kwencazelo yegama elithi ''ukusebenzisana ngesikweletu'':

'' **'ukusizwa ngesikweletu'** kuchaza isinyathelo njengokusho kwesigaba 86A, esihlose ukusiza abathengi abahlonziwe lawo angakwazi ukuthola izinyathelo ezikhona zokusiza abacwile esikweletini;

**'umfakisicelo sokusizwa ngesikweletu'** kuchaza umuntu, noma abantu abangabanikazi bempahla ehlanganisile, labo ngosuku lokuthunyelwa kwesicelo sokusizwa ngesikweletu esisesigabeni 86A ebe—

*(a)* umthengi ngaphansi kwezivumelwano zesikweletu ezingavikelwe, amathransekushini esikweletu sesikhathi esifishane angavikelwe noma izikweletu ezingavikelwe kuphela;

*(b)* engenamholo ongenayo, noma uma yena noma empahleni ehlanganisile, kukhona imali engenayo noma enelungelo lokuthola imali engenayo, kungakhathaleki ukuthi ivela kumuphi umthombo, ifika kangaki noma ivame kangakanani ukufika leyo mali engenayo, uma leyo mali engenayo uma ingekakhishwa intela ingadluli ku-R7500 ngaphambi kosuku lokufaka isicelo sokusizwa ngesikweletu, noma lelo nani elinganqunywa isigaba se-171(2A)*(a)*, ngenyanga;

*(c)* ecwile esikweletini, okungaba ingenxa yezinguquko ezimweni zempilo yomuntu ezifana nokudilizwa emsebenzini, ukushona komuntu owondlayo, noma ezinye izimo; futhi

*(d)* engadleliwe impahla noma engekho ngaphansi komyalelo wenkantolo;'';

*(c)* by the insertion after the definition of ''equality court'' of the following definitions:

'' **'extinguish'** means, save as is specifically provided in this Act—

*(a)* the cessation of all rights and obligations inherent to, or resulting from, a credit agreement; and

*(b)* the cessation of any rights or obligations that may arise in law, whether statutory or otherwise, because of the cessation contemplated in paragraph *(a)*,

prospectively from the date on which the act of extinguishment becomes effective;

**'financial literacy'** means the knowledge, ability and opportunity to make sound money management choices;'';

*(d)* by the insertion after the definition of ''juristic person'' of the following definition:

'' **'knowing'** or **'knowingly'**, when used with respect to a person, and in relation to a particular matter, means that the person either—

*(a)* had actual knowledge of the matter; or

*(b)* was in a position in which the person reasonably ought to have—

(i) had actual knowledge;

(ii) investigated the matter to an extent that would have provided the person with actual knowledge; or

(iii) taken other measures which, if taken, would reasonably be expected to have provided the person with actual knowledge of the matter;'';

*(e)* by the insertion after the definition of ''mortgage agreement'' of the following definition:

'' **'National Assembly'** means the House of Parliament referred to in section 42(1)*(a)* of the Constitution;''; and

*(f)* by the insertion after the definition of ''this Act'' of the following definition:

'' **'total unsecured debt'** means the total of all principal debts due by a debt intervention applicant under the unsecured credit agreements, unsecured short term credit transactions or unsecured credit facilities to which the debt intervention applicant is a party;''.

**Amendment of section 3 of Act 34 of 2005**

**2.** Section 3 of the principal Act is hereby amended by the insertion after paragraph *(g)* of the following paragraph:

''*(g*A*)* providing appropriate debt intervention for qualifying consumers;''.

**Insertion of section 15A in Act 34 of 2005**

**3.** The following section is hereby inserted after section 15 of the principal Act:

''**Other functions of National Credit Regulator**

**15A.** (1) The National Credit Regulator must assist a debt intervention applicant—

*(a)* with the process of being declared over-indebted;

*(b)* to have his or her obligations, or the obligations of the joint estate, re-arranged;

*(c)* to have his or her debt intervention application considered for an order contemplated in section 87A; or

*(d)* to have his or her application for rehabilitation contemplated in section 88B be considered by the Tribunal.

(2) To enable the National Credit Regulator to assist a debt intervention applicant as contemplated in subsection (1), the Chief Executive Officer or any employee duly authorised by the Chief Executive Officer—

*(c)* ngokufaka lezi zincazelo ezilandelayo emva kwencazelo ''inkantolo yokulingana'':

'' **'ukucisha'** kusho, ukuhlangula umuntu ezikweletini njengoba kuhlinzekelwe ngokukhethekile kulo Mthetho,—

*(a)* ukumiswa kwawo wonke amalungelo aphathelene, noma awumphumela wesivumelwano sesikweletu; kanye

*(b)* nokumiswa kwanoma yimaphi amalungelo noma izibophezelo ezingaba khona emthethweni, okungaba ngokwezomthetho noma okunye, ngenxa yokumiswa okushiwo endimeni *(a)*,

okuzokwenzeka kusukela ngosuku umthetho wokucima ozoqala ngalo ukusebenza;

**'Ukufundisa ngezimali'** kusho ulwazi, ikhono kanye nethuba lokuthatha izinqumo eziphusile ngokuphathwa kwemali;'';

*(d)* ngokufakwa kwencazelo elandelayo emva kwencazelo ''umuntu onegunya'':

'' **'azi'** noma **'ngokwazi'**, uma lisetshenziswe lapho kukhulunywa ngomuntu, futhi odabeni oluthile, kusho ukuthi lowo muntu kungaba ukuthi—

*(a)* ube nolwazi oluthile mayelana nalolo daba; noma

*(b)* ubengumuntu obekulindeleke ukuthi kufanele ngabe—

(i) ube nalo ulwazi;

(ii) uluphenyile udaba kwaze kwaba ukuthi uhlinzeka umuntu ngolwazi olufanele; noma

(iii) uthathe ezinye izinyathelo, okuthi uma zithathiwe, ziholele ekutheni ngabe ukwazile ukuhlinzeka umuntu ngolwazi oluthile mayelana nodaba lolo;'';

*(e)* ngokufakwa kwencazelo elandelayo emva kwencazelo ethi ''isivumelwano sesikweletu sendlu'':

'' **'IsiShayamthetho sikaZwelonke'** kusho iNdlu yePhalamende okukhulunywa ngayo esigabeni 42(1)(a) soMthethosisekelo;''; kanye

*(f)* nokufakwa kwencazelo elandelayo emva kwencazelo ethi ''lo Mthetho'':

'' **'inani eliphelele lesikweletu esingavikelwe'** kusho inani eliphelele lezikweletu zokuqala zalowo ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu ngaphansi kwezivumelwano zesikweletu esingavikelwe, amathranse-kushini ezikweletu esingavikelwe zesikhathi esifishane noma ezindaweni zezikweletu esingavikelwe lapho ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu eyingxenye yaso;''.

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 3 soMthetho 34 wezi-2005**

**2.** Isigaba 3 soMthethongqangi sichitshiyelwe ngokufakwa kwale ndima elandelayo emva kwendima *(g)* :

''*(g*A*)* ukuhlinzeka ngezindlela ezifanele zokusizwa ngesikweletu kulabo bathengi abafanelekayo;''.

**Ukufakwa kwesigaba 15A soMthetho 34 wezi-2005**

**3.** Lesi sigaba esilandelayo sifakwe emva kwesigaba 15 soMthethongqangi:

''**Eminye imisebenzi yoMlawuli weziKweletu kuZwelonke**

**15A.** (1) UMlawuli weziKweletu kuZwelonke kumele alekelele lowo ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu—

*(a)* ngenqubo ezoqinisekisa ukuthi ucwile ezikweletini;

*(b)* ngokuhlelwa kabusha kwezibophezelo zakhe noma izibophezelo zempahla ehlanganisile;

*(c)* ngokuthi isicelo sokungenelela esikweletini sibhekwe ngokwesi-nqumo esishiwo esigabeni 87A; noma

*(d)* ngokuthi iNkantolo yamacala ezikweletu ibheke isicelo sakhe sokulungiswa kwesimo sezikweletu esishiwo esigabeni sama-88B.

(2) ngokwenza ukuthi uMlawuli weziKweletu kuZwelonke alekelele lowo ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu njengoba kushiwo esigatsha-neni (1), uMphathi oMkhulu weHhovisi noma umsebenzi ogunyazwe nguMphathi oMkhulu weHhovisi—

*(a)* may appoint any suitable employee of the National Credit Regulator, or any other suitable person employed by the State, as a debt intervention officer; and

*(b)* must issue each debt intervention officer with a certificate in the prescribed form stating that the person has been appointed as a debt intervention officer and as such is deemed to have been registered as a debt counsellor, as contemplated in section 44, for purposes of the services contemplated in subsection (1) only.''.

**Amendment of section 27 of Act 34 of 2005, as amended by section 121 of Act 68 of 2008**

**4.** Section 27 of the principal Act is hereby amended by the substitution in paragraph *(a)* for subparagraph (i) of the following subparagraph:

''(i) application or referral that may be made to it in terms of this Act, and make any order provided for in this Act in respect of such an application or referral; or''.

**Amendment of section 60 of Act 34 of 2005**

**5.** Section 60 of the principal Act is hereby amended by the substitution for subsection (1) of the following subsection:

''(1) **[Every]** Save as is provided in this Act, every adult natural person, and every juristic person or association of persons, has a right to apply to a credit provider for credit.''.

**Insertion of section 69A in Act 34 of 2005**

**6.** The following section is hereby inserted after section 69 of the principal Act:

''**National record of debt intervention**

**69A.** (1) The National Credit Regulator must keep a record of applications for debt intervention contemplated in section 86A, the status of such applications and any orders granted in respect of such applications.

(2) The record related to debt intervention may be published with the consent of the relevant debt intervention applicant, or as is required by this Act or any other applicable law.

(3) The Minister may, in accordance with section 171, prescribe the information to be recorded in the record contemplated in subsection (1).''.

**Amendment of section 70 of Act 34 of 2005**

**7.** Section 70 of the principal Act is hereby amended—

*(a)* by the substitution in subsection (1) for paragraph *(a)* of the following paragraph:

''*(a)* a person's credit history, including applications for credit, credit agreements to which the person is or has been a party, pattern of payment or default under any such credit agreements, debt re-arrangement in terms of this Act, incidence of enforcement actions with respect to any such credit agreement, the circumstances of termination of any such credit agreement, an application for, status of and orders granted in respect of debt intervention, and related matters;''; and

(a) angaqoka namuphi umsebenzi osebenzela ihhovisi lokuLawula iziKweletu kuZwelonke, noma namuphi umuntu ofanele osebenzela uMbuso, ukuthi abe umsebenzi wehhovisi lokusizwa ngesikweletu; futhi

(b) kumele anike lowo nalowo muntu osebenza ehhovisi lokusizwa ngesikweletu isitifiketi esishoyo ukuthi lowo muntu uqokwe njengomuntu osebenza ehhovisi lokusizwa ngezikweletu kanti ngalokho kumele kube ukuthi ubhalisiwe njengomeluleki wezikweletu, njengokusho kwesigaba sama-44, ngenhloso yokwenza imisebenzi eshiwo esigatshaneni (1) kuphela.''.

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 27 soMthetho 34 wezi-2005, njengoba uchitshiyelwe ngesigaba 121 soMthetho 68 wezi-2008**

**4.** Isigaba 27 soMthethongqangi sichitshiyelwe ngokufaka endaweni yendima *(a)* indinyana (i) yendinyana elandelayo:

''(i) isicelo noma ukudluliswa okungenziwa ngokwalo Mthetho, nokwenza isinqumo esihlinzekelwa kulo Mthetho mayelana nalesi sicelo noma ukudluliswa; noma''.

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 60 soMthetho 34 wezi-2005**

**5.** Isigaba 60 soMthethongqangi lapha sichitshiyelwa ngokufaka endaweni yalesi sigatshana esilandelayo kwesigatshana (1):

''(1) **[Konke]** Ukuhlangula umuntu ocwile ezikweletini njengoba kuhlinzekelwe kulo Mthetho, wonke umuntu omdala, kanye nawo wonke umuntu onegunya noma izinhlangano zabantu, unelungelo lokufaka isicelo sesikweletu kumhlinzeki wezikweletu.''.

**Ukufakwa kwesigaba 69A eMthethweni 34 wezi-2005**

**6.** Isigaba esilandelayo sifakwe emva kwesigaba sama-69 soMthethongqangi:

''**Irekhodi likaZwelonke lokusizwa ngezikweletu**

**69A.** (1) UMlawuli weziKweletu kuZwelonke kumele agcine irekhodi lezicelo zokusizwa ngesikweletu njengokusho kwesigaba 86A, isimo saleso sicelo kanye nazo zonke izinqumo zenkantolo ezikhishwe mayelana nalezo zicelo.

(2) Irekhodi elimayelana nokusizwa ngesikweletu lingashicilelwa ngokutholakala kwemvume kulowo ofake isicelo sokusizwa ngesikweletu, noma njengoba kudingeka ngokwalo Mthetho noma namuphi omunye umthetho osebenzayo.

(3) UNgqongqoshe, ngokuhambisana nesigaba 171, anganquma ukuthi yiluphi ulwazi olungabhalwa kurekhodi elishiwo esigatshaneni (1).''.

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 70 soMthetho 34 wezi-2005**

**7.** Isigaba 70 soMthethongqangi sichitshiyelwe—

*(a)* ngokufaka endaweni yesigatshana (1) sendima *(a)* le ndima elandelayo:

''*(a)* umlando womuntu ngesikweletu, kubandakanya izicelo zesikweletu, nezivumelwano lapho umuntu eyingxenye noma kade eyingxenye yazo, umkhuba wokukhokha noma ukungakhokhi kulezi zivumelwano zesikweletu, ukuhlelwa kabusha kwesikweletu ngokwalo Mthetho, izigameko zokuphoqelela mayelana nalesi sivumelwano esinjalo, izimo zokumiswa kwesivumelwano sesikweletu, ukufaka isicelo sokusizwa ngesikweletu, isimo kanye nemiyalelo/izinqumo zenkantolo ezikhishwe mayelana nokungenelela esikweletini, kanye nezindaba ezifana nalokho;''; kanye

*(b)* by the insertion in subsection (2) after paragraph *(a)* of the following paragraph:

"*(a*A) accept without charge the filing of consumer credit information from the National Credit Regulator related to a debt intervention application, the status of such application and any order granted in respect of such application;".

**Amendment of the section 71 of Act 34 of 2005, as amended by section 21 of Act 19 of 2014**

**8.** Section 71 of the principal Act is hereby amended—

*(a)* by the insertion after subsection (1) of the following subsection:

"(1A) A debt intervention applicant whose debts have been re-arranged in terms of Part D of this Chapter, must be issued with a clearance certificate by the National Credit Regulator within seven business days after the debt intervention applicant has—

*(a)* satisfied all the obligations under every credit agreement that was subject to that debt re-arrangement order or agreement, in accordance with that order or agreement; or

*(b)* demonstrated as prescribed—

(i) financial ability to satisfy the future obligations in terms of the re-arrangement order; or

(ii) that there are no arrears on the re-arranged agreements contemplated in subparagraph (i); and

(iii) that all obligations under every credit agreement included in the re-arrangement order or agreement, other than those contemplated in subparagraph (i), have been settled in full,

and the National Credit Regulator must submit a copy of the clearance certificate to all registered credit bureaux."; and

*(b)* by the insertion after subsection (3) of the following subsection:

"(3A) If the National Credit Regulator decides not to issue or fails to issue a clearance certificate as contemplated in subsection (1A), or fails to submit a copy to all registered credit bureaux, the debt intervention applicant may apply to the Tribunal to review that decision or failure to issue, and if the Tribunal is satisfied that the debt intervention applicant is entitled to the certificate in terms of subsection (1A), the Tribunal may order the National Credit Regulator to—

*(a)* issue a clearance certificate to the debt intervention applicant; or

*(b)* submit a copy to all registered credit bureaux.".

**Amendment of section 71A of Act 34 of 2005, as inserted by section 22 of Act 19 of 2014**

**9.** Section 71A of the principal Act is hereby amended by the insertion after subsection (3) of the following subsections:

"(3A) The National Credit Regulator must submit proof of the following decisions or orders, together with the date on which the suspension or limitation ends, where relevant, to credit bureaux within two business days of that decision or order being made:

*(a)* A rejection by the National Credit Regulator or Tribunal of an application for debt intervention;

*(b)* nokufakwa kwendima elandelayo esigatshaneni (2) emva kwendima *(a)*:

"*(a*A*)* ukwamukela ngaphandle kwenhlawulo ukufakwa kolwazi lwezikweletu zabathengi olusuka kuMlawuli weziKweletu kuZwelonke olumayelana nesicelo sokusizwa ngesikweletu, isimo saleso sicelo kanye naziphi izinqumo/imiyalelo ezikhishwe mayelana nalesi sicelo;".

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 71 soMthetho 34 wezi-2005 njengoba uchitshiyelwe ngesigaba 21 soMthetho 19 wezi-2014**

**8.** Isigaba 71 soMthethongqangi sichitshiyelwe—

*(a)* ngokufakwa kwesigatshana esilandelayo emva kwesigatshana (1):

"(1A) Ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu onezikweletu ezihlelwe kabusha ngokweNgxenye D yalesi Sahluko, kumele anikwe isitifiketi esimvumelayo ukwenza lokho esikhishwa uMlawuli weziKweletu kuZwelonke ezinsukwini eziyisikhombisa zokusebenza emva kokuthi ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu—

*(a)* efezekise zonke izibophezelo ngaphansi kwesivumelwano esasingaphansi komyalelo/kwesinqumo noma isivumelwano sokuhlelwa kabusha kwesikweletu, ngokuhambisana naleso sinqumo senkantolo noma kwesivumelwano; noma

*(b)* kuboniswe njengoba kunqunyiwe—

(i) ukukwazi ukumelana nezibophezelo zezimali esikhathini esizayo ngokomyalelo/kwesinqumo senkantolo sokuhlelwa kabusha; noma

(ii) ukuthi akukho mali esilele emuva engakhokhiwe ezivumelwaneni zokuhlela kabusha okushiwo endinyaneni (i); futhi

(iii) zonke izibophezelo ngaphansi kwesivumelwano sesikweletu esifakiwe emyalelweni/esinqumweni noma esivumelwaneni sokuhlela kabusha, ngaphandle kwalezi ezishiwo endinyaneni (i),

sezikhokhwe zaphelela, futhi uMlawuli weziKweletu kuZwelonke kumele athumele ikhophi yesitifiketi esikuvumelayo ukwenza lokhu kuwo wonke amahhovisi abhalisiwe abhekele izindaba zezikweletu ama-credit bureau."; kanye

*(b)* nangokufakwa kwesigatshana esilandelayo emva kwesigatshana (3):

"(3A) Uma uMlawuli weziKweletu kuZwelonke enquma ukungasikhiphi noma ehluleka ukukhipha isitifiketi esikuvumelayo njengokusho kwesigatshana (1A), noma ehluleka ukuthumela ikhophi kuwo wonke amahhovisi abhalisiwe abhekele izikweletu ama-credit bureau, ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu angafaka isicelo sokuthi iNkantolo yamacala ezikweletu isibuyekeze leso sinqumo noma lokho kwehluleka ukukhipha isitifiketi, kanti futhi uma iNkantolo yamacala ezikweletu yanelisekile ukuthi ngempela ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu ufanelekile ukuthola isitifiketi ngokwesigatshana (1A), iNkantolo yamacala ezikweletu ingayalela uMlawuli weziKweletu kuZwelonke ukuthi—

*(a)* anike ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu isitifiketi esimvumelayo; noma

*(b)* athumele ikhophi kuwo wonke amahhovisi abhalisiwe abhekele izikweletu, ama-credit bureau.".

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 71A soMthetho 34 wezi-2005, njengoba ufakwe yisigaba 22 soMthetho 19 wezi-2014**

**9.** Isigaba 71A soMthethongqangi sichitshiyelwe ngokufakwa kwezigatshana ezilandelayo emva kwesigatshana (3):

"(3A) UMlawuli weziKweletu kuZwelonke kumele athumele ubufakazi balezi zinqumo noma imiyalelo yenkantolo elandelayo, kanjalo nosuku lokuphela kokumiswa noma kwemikhawulo, lapho kufanele khona, kuye ehhovisi lezikweletu, i-credit bureau, ezinsukwini ezimbili zokusebenza sithathiwe leso sinqumo noma uphumile lowo myalelo wenkantolo:

*(a)* isaziso sokuchithwa kwesicelo sokusizwa ngesikweletu esikhishwa uMlawuli weziKweletu kuZwelonke noma iNkantolo yamacala ezikweletu;

*(b)* an order of suspension made in terms of section 87A(2)*(b)*(i), as well as any extension of the order;

*(c)* an order limiting the rights of the consumer under section 60 as contemplated in section 87A(8); or

*(d)* an order for rehabilitation as contemplated in section 88B(7).

(3B) Credit bureaux must remove a listing related to debt intervention within seven days from the date of receipt of proof of a decision contemplated in subsection (3A)*(a)* or as may be applicable from the date—

*(a)* indicated by the National Credit Regulator as being the date on which the suspension contemplated in subsection (3A)*(b)* ends, unless the National Credit Regulator submitted further proof of—

(i) an extension of the order contemplated in section 87A(2)*(b)*(i); or

(ii) the imposition of a limitation contemplated in section 87A(8); or

*(b)* indicated by the National Credit Regulator as being the date on which the limitation contemplated in subsection (3A)*(c)* ends,

whichever is the later date.

(3C) Notwithstanding subsection (3B) credit bureaux must remove a listing related to debt intervention within seven days from receipt of proof of a rehabilitation order contemplated in section 88B(7).

(3D) In the event that a credit provider or debt intervention applicant disputes the information submitted by the National Credit Regulator in terms of subsection (3A), that credit provider or debt intervention applicant may apply to the Tribunal to resolve the disputed information and if the Tribunal is satisfied that the information is erroneous, the Tribunal may make any appropriate order to correct the information that gave rise to the dispute.

(3E) Every credit provider who is affected by an order contemplated in section 87(1A) or 87A must, within seven business days from the day on which the order was served on the credit provider, amend the affected credit agreement in accordance with that order and submit the amended consumer credit information to credit bureaux in the prescribed manner and form.''.

**Insertion of section 82A in Act 34 of 2005**

**10.** The following section is hereby inserted after section 82 of the principal Act:

''**Report and investigation of reckless credit agreement**

**82A.** (1) If during an assessment contemplated in section 86(6) there are reasonable grounds to suspect that a credit agreement included in that assessment is a reckless credit agreement, the debt counsellor must report that suspected reckless credit agreement to—

*(a)* the National Credit Regulator where the debt counsellor rejects the application as contemplated in section 86(7)*(a)* or makes a recommendation contemplated in section 86(7)*(b)*; or

*(b)* the Magistrate's Court where the debt counsellor makes a recommendation contemplated in section 86(7)*(c)*.

(2) A credit provider must, within seven business days of receipt of a request and at a fee not exceeding the maximum prescribed fee, provide a debt counsellor with the following information requested in relation to the consumer concerned:

*(a)* Relevant application for credit;

*(b)* pre-agreement statement;

*(c)* quote;

*(d)* credit agreement entered into with the consumer;

*(e)* documentation in support of steps taken in terms of section 81(2);

*(b)* umyalelo wokumisa okhishwe ngokwesigaba 87A(2)*(b)*(i), kanjalo nokwelulwa komyalelo wenkantolo;

*(c)* umyalelo obeka imikhawulo yamalungelo abathengi ngaphansi kwesigaba 60 njengokusho kwesigaba 87A(8); noma

*(d)* umyalelo wokuhlunyeleliswa njengokusho kwesigaba 88B(7).

(3B) Ihhovisi elibhekele izikweletu, i-credit bureau, kumele lisuse uhla olumayelana nokusizwa ngesikweletu ezinsukwini eziyisikhombisa kusukela ngosuku lokuthola ubufakazi besinqumo esishiwo esigatshaneni (3A)*(a)*; noma njengoba izosebenza kusukela ngalolo suku—

*(a)* olubekwe uMlawuli weziKweletu kuZwelonke njengosuku okuphela ngalo ukumiswa kwesikhashana njengokusho kwesigatshana (3A)*(b)*, ngaphandle uma uMlawuli weziKweletu kuZwelonke ethumele obunye ubufakazi balokhu—

(i) bokwelulwa komyalelo wenkantolo njengokusho kwesigaba 87A(2)*(b)*(i); noma

(ii) ukuphoqelelwa komkhawulo oshiwo esigabeni 87A(8); noma

*(b)* olubekwe uMlawuli weziKweletu kuZwelonke njengosuku okuphela ngalo imikhawulo eshiwo esigatshaneni (3A)*(c)*,

noma yiluphi oluwusuku olufika kamuva.

(3C) Naphezu kwesigatshana (3B) ihhovisi elibhekele izikweletu, i-credit bureau, kumele lisuse uhlu oluhambisana nokusizwa ngesikweletu ezinsukwini eziyisikhombisa ukusukela ngosuku lokuthola ubufakazi bomyalelo wokulungisa isimo sezikweletu oshiwo esigabeni 88B(7).

(3D) Uma kwenzeka umhlinzeki wesikweletu noma ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu eluphika ulwazi oluthunyelwe uMlawuli weziKweletu kuZwelonke ngokwesigatshana (3A), lowo mhlinzeki wesikweletu noma ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu angafaka isicelo eNkantolo yamacala ezikweletu ukuthi isombulule lolo lwazi oluphikwayo okuyothi uma iNkantolo yamacala ezikweletu yaneliseka ukuthi ulwazi luyiphutha, iNkantolo yamacala ezikweletu ingakhipha umyalelo ofanele ukuze kulungiswe ulwazi oluholele kulokho kungezwani.

(3E) Wonke umhlinzeki wesikweletu othintekayo yilo myalelo oshiwo esigabeni 87(1A) noma 87A kumele, ezinsukwini eziyisikhombisa zokusebenza kusukela ngosuku umhlinzeki wesikweletu athola ngalo umyalelo wenkantolo, achibiyele isivumelwano sesikweletu okukhulunywa ngaso ngokuhambisana nalowo myalelo wenkantolo bese ethumela ulwazi oluchitshiyelwe lwesikweletu somthengi ehhovisi elibhekele izikweletu, i-credit bureau, ngendlela enqunyiwe efanele.''.

**Ukufakwa kwesigaba 82A eMthethweni 34 wezi-2005**

**10.** Lesi sigaba esilandelayo sifakwe emva kwesigaba 82 soMthethongqangi:

''**Ukubikwa nokuphenywa kwesivumelwano sesikweletu esibudedengu**

**82A.** (1) Uma ngesikhathi sokuhlola esishiwo esigabeni 86(6) kukhona izinsolo ezibambekayo zokuthi isivumelwano sesikweletu esifakwe kulokho kuhlolwa siyisivumelwano sesikweletu esibudedengu, umeluleki wezikweletu kumele asibike leso sivumelwano sesikweletu esibudedengu—

*(a)* kuMlawuli weziKweletu kuZwelonke lapho umeluleki wesikweletu echitha isicelo njengoba kushiwo esigabeni 86(7)*(a)* noma enze izincomo njengokusho kwesigaba 86(7)*(b)*; noma

*(b)* eNkantolo kaMantshi lapho umeluleki wesikweletu enze isincomo esishiwo esigabeni 86(7)*(c)*.

(2) Umhlinzeki wesikweletu kumele, ezinsukwini eziyisikhombisa zokusebenza emva kokuthola isicelo futhi akhokhise imali engadluli emalini enqunyiwe, ahlinzeke umeluleki wesikweletu nganoma yiluphi ulwazi olulandelayo oluceliwe olumayelana nomthengi okukhulunywa ngaye:

*(a)* Isicelo esifanele sesikweletu;

*(b)* isitatimende sangaphambi kwesivumelwano;

*(c)* isilinganiso sesikweletu;

*(d)* isivumelwano sesikweletu umthengi angene kuso;

*(e)* amadokhumenti eseka izinyathelo ezithathiwe ngokwesigaba 81(2);

*(f)* record of payments made; and

*(g)* documentation in support of any steps taken after default by the consumer.

(3) The report to the National Credit Regulator contemplated in subsection (1)*(a)* is deemed to be a complaint in terms of section 136 and the National Credit Regulator must investigate that report in accordance with section 139.

(4) The Tribunal may impose an administrative fine contemplated in section 151 where a credit provider intentionally fails to comply with subsection (2).''.

**Substitution of section 85 of Act 34 of 2005**

**11.** The following section is hereby substituted for section 85 of the principal Act:

''**Court may declare and relieve over-indebtedness**

**85.** Despite any provision of law or agreement to the contrary, in any court proceedings in which a credit agreement is being considered, if it is alleged or it appears to the court that the consumer under a credit agreement is over-indebted, the court may—

*(a)* refer the matter directly to a debt counsellor with a request that the debt counsellor evaluate the consumer's circumstances and make a recommendation to the court in terms of section 86(7); **[or]**

*(b)* declare that the consumer is over-indebted, as determined in accordance with this Part, and make any order contemplated in section 87 to relieve the consumer's over-indebtedness; or

*(c)* where the consumer may qualify for debt intervention, enquire whether the consumer wishes to participate in debt intervention and if the consumer confirms—

(i) refer the matter to the National Credit Regulator for consideration; or

(ii) where the court has sufficient information to do so, consider the matter and make an order contemplated in sections 87(1A) or 87A.''.

**Amendment of section 86 of Act 34 of 2005, as amended by section 26 of Act 19 of 2014**

**12.** Section 86 of the principal Act is hereby amended—

*(a)* by the substitution in subsection (6) for paragraph *(b)* of the following paragraph:

''*(b)* **[if the consumer seeks a declaration of reckless credit,]** whether any of the consumer's credit agreements appear to be reckless.''; and

*(b)* by the deletion after subparagraph *(cc)* in subsection (7)*(c)*(ii) of the word ''or'' and the insertion after that subparagraph of the following subparagraph:

''*(cc*A*)* determining, as prescribed, the maximum rate of interest, fees or other charges, excluding charges contemplated in section 101(1)*(e)*, under a credit agreement, for such a period as the Magistrate's Court deems fair and reasonable but not exceeding the period contemplated in section 86A(6)*(d)*; or''.

**Insertion of section 86A in Act 34 of 2005**

**13.** The following section is hereby inserted after section 86 of the principal Act:

''**Application for debt intervention**

**86A.** (1) A debt intervention applicant may apply to the National Credit Regulator in the prescribed manner and form to have the debt intervention applicant declared over-indebted, if that debt intervention applicant has a

*(f)* amarekhodi ezimali ezikhokhiwe; kanye

*(g)* namadokhumenti eseka naziphi izinyathelo ezithathiwe emva kokuthi ikhasimende lephule isivumelwano.

(3) Umbiko oya kuMlawuli weziKweletu kuZwelonke oshiwo esigatshaneni (1)*(a)* uthathwa njengesikhalazo ngokwesigaba 136 kanti futhi uMlawuli weziKweletu kuZwelonke kumele aphenye ukuthi umbiko lowo uhambisana nesigaba 139.

(4) INkantolo yamacala ezikweletu ingakhipha umyalelo wenhlawulo oshiwo esigabeni 151 lapho umhlinzeki wesikweletu ehluleke ngenhloso ukuthobela isigatshana (2).''.

**Okufakwe esikhundleni sesigaba 85 soMthetho 34 wezi-2005**

**11.** Lesi sigaba esilandelayo sifakwe esikhundleni sesigaba 85 soMthethongqangi:

''**Inkantolo ingamemezela futhi ikhulule abacwile ezikweletini**

**85.** Nakuba kukhona okuhlinzekelwa umthetho noma isivumelwano esiphambene nalokho, kunoma yiziphi izinqubo zenkantolo lapho kubhekwa khona isivumelwano senkantolo, uma kusolwa noma inkantolo ibona ukuthi ikhasimende elingaphansi kwesivumelwano sesikweletu licwile ezikweletini, inkantolo ingenza lokhu—

*(a)* idlulisele udaba luye ngqo kumeluleki wezikweletu nesicelo esicela umeluleki wezikweletu ukuthi ahlole izimo zomthengi bese enza izincomo enkantolo ngokwesigaba 86(7); **[noma]**

*(b)* imemezele ukuthi umthengi ucwile ezikweletini, okutholakale ngokwale Ngxenye, bese enza namuphi umyalelo oshiwo esigabeni 87 ukuze kukhululwe umthengi kulokho kucwila esikweletini; noma

*(c)* lapho umthengi efaneleka ukuthi kungenelelwe esikweletini, ithole ukuthi umthengi uyafisa yini ukuba yingxenye yokusizwa ngesikweletu kuyothi uma umthengi eqinisekisa bese—

(i) idlulisele udaba kuMlawuli weziKweletu kuZwelonke ukuze lubhekwe; noma

(ii) lapho inkantolo inolwazi olwanele ukwenza kanjalo, ibheke udaba bese ikhipha umyalelo oshiwo esigabeni 87(1A) noma 87A.''.

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 86 soMthetho 34 wezi-2005, njengoba uchitshiyelwe ngesigaba 26 soMthetho 19 wezi-2014**

**12.** Isigaba 86 soMthethongqangi sichitshiyelwe—

*(a)* ngokufakwa esikhundleni sendima *(b)* yesigatshana (6) le ndima elandelayo:

''*(b)* **[uma umthengi efuna isimemezelo sesikweletu esibudedengu,]** noma kukhona ezivumelwaneni zesikweletu zomthengi ezibonakala zibudedengu.''; kanye

*(b)* ngokususwa kwegama elithi ''noma'' emva kwendinyana *(cc)* esigatshaneni (7)*(c)*(ii) bese kufakwa le ndinyana elandelayo emva kwaleyo ndinyana:

''*(cc*A) ukunquma inzalo, izindleko noma ezinye izinhlawulo ukuthi zingagcina kumalini njengokusho kwesigaba 101(1)*(e)*, ngaphansi kwesivumelwano sesikweletu, esingagcina kokungekho, ngesikhathi iNkantolo kaMantshi engakubona kufanele futhi kulungile kodwa kungadluli esikhathini esishiwo esigabeni 86A(6)*(d)*; noma''.

**Ukufakwa kwesigaba 86A eMthethweni 34 wezi-2005**

**13.** Lesi sigaba esilandelayo sifakwe emva kwesigaba 86 soMthethongqangi:

''**Isicelo sokusizwa ngesikweletu**

**86A.** (1) Ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu angafaka isicelo kuMlawuli weziKweletu kuZwelonke ngendlela enqunyiwe efanele ukuze lowo ofaka isicelo sokusizwa ngesikweletu amenyezelwe njengocwile

total unsecured debt owing to credit providers of no more than R50,000, or such an amount as may be prescribed by section 171(2A)*(b)*.

(2) The following credit agreements that form part of the total unsecured debt, do not qualify for debt intervention:

*(a)* A developmental credit agreement contemplated in section 10; and

*(b)* subject to section 85*(c)*, any credit agreement where, at the time of the application for debt intervention, the credit provider under that credit agreement has proceeded to take the steps contemplated in section 130 to enforce that agreement.

(3) On receipt of an application contemplated in subsection (1), the National Credit Regulator must comply with section 86(4) and (6), with the necessary changes.

(4) A debt intervention applicant, and each credit provider listed in the application for debt intervention, must comply with section 86(5), with the necessary changes.

(5) The National Credit Regulator must, when considering an application contemplated in subsection (1), provide the debt intervention applicant with—

*(a)* counselling on financial literacy; and

*(b)* access to training to improve that debt intervention applicant's financial literacy.

(6) If the National Credit Regulator as a result of the assessment contemplated in subsection (3) reasonably concludes that—

*(a)* the debt intervention applicant does not qualify for debt intervention, the National Credit Regulator must reject the application;

*(b)* the debt intervention applicant does not qualify for debt intervention, but is nevertheless experiencing, or is likely to experience, difficulty satisfying all the debt intervention applicant's obligations under credit agreements in a timely manner, the National Credit Regulator must recommend that the debt intervention applicant and the respective credit providers voluntarily consider and agree on a plan of debt re-arrangement;

*(c)* a credit agreement that formed part of the application may constitute reckless lending, an unlawful credit agreement or a credit agreement resulting from prohibited conduct, the National Credit Regulator must refer the credit agreement to the Tribunal for an appropriate declaration;

*(d)* the debt intervention applicant qualifies for debt intervention, and the obligations of the debt intervention applicant can be re-arranged within a period of five years or such longer period as may be prescribed, the National Credit Regulator must refer the matter with a recommendation to the Tribunal in the prescribed manner and form for an order contemplated in section 87(1A); or

*(e)* the debt intervention applicant qualifies for debt intervention, but the income and assets of the debt intervention applicant are insufficient to allow for the obligations of the debt intervention applicant to be re-arranged during the period contemplated in paragraph *(d)*, the National Credit Regulator must refer the matter with a recommendation to the Tribunal in the prescribed manner and form for an order contemplated in section 87A.

